**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**
**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha Lesibili)**

**ISIKHATHI: 2 Amahora**

**IMIKLOMELO: 80**

**IMIYALO:**

- Leli phepha linezigaba ezinhlanu A, B, C, D no -E.
- Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI.
- U -A no -B noma C no-D noma u-A no-E njll.
- Imibuzo leyo mayiqhamuke ezigabeni ezimbili ezahlukene.
- Izimpendulo mazihambisane nezinombolo zemibuzo.

ISIGABA A

**Funda lezi zinkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo:**

**UMBUZO 1**
**IZINKONDLO**

***Imvubelo* – A. M. Maphumulo**

**Inkondlo A**

Usakhumbula ubunzima?
Usakhumbul'ukuthi ubungabuthi quthu-
Ingani phela bewuvuka ngovivane,
Wadel' abangani nenjabulo,
Uphokophelel' ukuzuz' iminyezane yezazi,
Manje usuthwel' umqhele wolwazi,
Usuhamba ngezinqe ngokuzithiba.

Uyabakhumbula abazali bakho?
Belala obenyoni ubuthongo,
Bewa bevuka ubusika nehlobo
Ngoba benenhloso ngawe,
Ngoba nje usulapho sekwadlula konke –
Uthini ngosapho lukaNtu?
Awufuni lufinyelele esiqongweni sentaba?

Iminyaka eminingi yobunzima.
Injabulo ishabalele kuququdwana nemfundo
Namhla sekungawe, qhuba usapho lukaNtu.
Luwelele ngale komfula wolwazi
Kawakhile kwamhlaba, uzodlulela kwelawokhokho…
Nguban' ozophikelel' alandele
Ezinyathelweni zokukhuthaz' izinkedama zikaNtu
Ezisalima indima yolwazi?

1.1 Sifundo sini imbongi esifundisa sona kule nkondlo? (2)

1.2 Bhala imigqa EMIBILI esesigabeni sokuqala efakazela ukuthi kukhulunywa ngemfundo kule nkondlo. (4)

1.3 Chaza lezi zisho ubonise ukuthi uyazazi:

1.3.1 belala obenyoni.

1.3.2 bewa bevuka.

1.3.3 ezisalima indima yolwazi. (6)

1.4 Khipha isingathekiso esitholakala esigabeni sesithathu. (2)

1.5 Hlobo luni lokuxhumana esikuthola esigabeni sesibili? Khipha nesibonelo. (2)

1.6 Shono uhlobo OLULODWA lwemvumelwano olutholakala esigabeni sokuqala unikeze nesibonelo. (2)

1.7 Isho ukuthini imbongi uma ithi '**ubungabuthi quthu**'? (2)
**[20]**

**Inkondlo B**

Bangishaye ngemfe iphindiwe,
Bath' usathe shelele,
Ngethemba ngama ngalinda,
Ngob' iziyaluyalu zenhliziyo yami
Ziphuphuma olwakho uzwelo,
Uzwel' olungelinganiswe ngaludondolo.

Ngalinda lashon'eNtshonalanga,
Ebelishon' eNtshonalanga laze
Lavel'eMpumalanga
Kazi Nokwethaba wayaphi?
Imithombo yentokozo ebigeleza
Unyelel' olusivivi yagelez' umjoyi.

Ngabal' izindwani kwanhlanga
Zimuka nomoya konke,
Cha! Ngempel' ithemba
Kalibulali, ngoba ngabe
Sengaba mathamb' amhlophe
NgoNokwethaba nje yedwana.

Kawuvalelisanga ngani?
Khubalo lini elakuhungula?
Lowo mkhunkul' uqalekisiwe phakade,
Ngokwehlukanisa izimbali zendalo,
Ezatshalwa nguSomandl' endulo,
Yena ngesinwe wazibethela.

1.8 Bhala izibonelo zalokhu okulandelayo:

1.8.1 Imvumelwano sigcino eyeqayo esigabeni sesibili. (1)

1.8.2 Isifenqo esitholakala esigabeni sesine bese ubhala nohlobo lwaso. (2)

1.9 Ubani lo ohambe akangavalelisa? (1)

1.10 Kungathi kukhona ukuphikisana komqondo esigabeni sesibili, kubhale phansi. (2)

1.11 Umuntu uvalelisa uma kwenzenjani? (1)

1.12 Chaza lezi zisho ezilandelayo:

1.12.1 Bangishaye ngemfe iphindiwe.

1.12.2 Usathe shelele.

1.12.3 Sengaba mathamb'amhlophe. (6)

1.13 Chaza kafushane ukuthi le nkondlo ikhuluma ngani. (4)

1.14 Kuchazani ukuthi '**ithemba kalibulali**'? (2)

1.15 Khipha igama elimqondofana naleli: umthakathi, enkondlweni. (1)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [40]**

ISIGABA B
**UMDLALO**

**UMBUZO 2**

***Ngiwafunge amabomvu*– L. Molefe**

Funda lezi ziqeshana bese uphendula yonke imibuzo.

**Isiqeshana A**

*(Kusukume indoda ende nje.)*

Indoda : Ndabezitha omkhulu! Mina ngisacela ukuzwa ukuthi indlovukazi yona yayibona ukuthi yenzani ngokuganga nebhoxongwane eligcwele umoya wezikhova?

Thulisile : Linye izwi engizolisho, ukuthi ngithe ngiza lapha esigodlweni ngabe sengimtshelile uZaba ukuthi ngiyamthanda.

Indoda : Wavumelani ukuzogana ebukhosini pho?

Thulisile : Inkosi kayiphikiswa.

Indoda : Wena uchaza ukuthi kawuyifuni inkosi?

Thulisile : Ngangingeke ngiyiqome noma ngabe yayiyisesheli sami esinemithi ehlanganiswa yinyanga enamandla ngaphezu kwazo zonke lapha eMabomvini.Yiqiniso engicela ukulifela manje lelo.

Indoda : Wala inkosi phambi kwabantu abangaka ntombazane,unamagangangozi. Kukufanele ngempela ukufa.Ngizophakamisa ukuthi inkosi ilandelise ngawe emva kwalo mfana.

Thulisile : Inhliziyo yomuntu yiyo engumbusi wakhe. Ukugcagca nomuntu ongamthandi empilweni yakho kufana ncimishi nokufa.

Mgidi : Kwanele! (*Athule isikhathi eside.)* Angikaze ngiphoxeke ngale ndlela. *(Atshake amathe futhi.Aguquke achachambe ebusweni ngesikhashana. Bese ebheka uZaba.)* Amazwi engizowakhipha manje ngiwabhekisa enjeni efana nawe nalo mfana awakaze aphume emlonyeni wezinyane lamaBomvu ngisho nangezikhathi zawokhokho. Mfana kaMsanka, (*Athule antongele kancane, abheme kahle nje)* ulihlahlele inkambabeyibuza yengozi izinyane lamaBomvu ebelikucele iqhude ngomshoshaphansi. Siyisibonelo ebuthweni lakho isibindi sakho sokumela iqiniso noma sekumnyama.

2.1 Laba bantu babuthene kuyiphi indawo? Bazokwenzani? Chaza. (3)

2.2 UZaba noThulisile bathandana nini sebezobulawa njena? (2)

2.3 Ngubani lo muntu ongathandwa nguThulisile? Bhala igama nesibongo sakhe. (2)

2.4 Indoda ithi uThulisile unamagangangozi, yini le nto ayenzile engaka? Bhala amaphuzu abe MAHLANU. (5)

2.5 Chaza lawa magama alandelayo:

2.5.1 ibhoxongwana.

2.5.2 amagangangozi.

2.5.3 ukugcagca. (3)

2.6 Ngamaphuzu AMATHATHU ake uchaze ukuvezwa komlingiswa uThulisile. (3)

2.7 Inkosi yabajezisa kanjani oThulisile noZaba? (2)
**[20]**

**Isiqeshana B**

| | | |
|---|---|---|
| MaGubeshe | : | Yima baba, ake umphendule nje,wenze sengathi ayikucasuli le nto. |
| Msanka | : | *(Ngokungabi nasineke.)* Lalela-ke, mina angizukukuchithela isikhathi. Ngizokutshela iqiniso. Ithe inkosi kukhona isikhundla ezokunika sona. Kodwa Zaba uma wenza… |
| MaGubeshe | : | Yima baba. Yisiphi leso sikhundla? |
| Msanka | : | Izomenza inhloli yayo lo mfana. |
| Zaba | : | (*Ahlehle ame ancike ngodonga lwendlu.*) Uyabona-ke mama, iyangibhuqa. Iyangibhuqa! |
| Msanka | : | Yima Zaba. Sesithele imimoya phansi-ke manje ngoba ngiyabona ukuthi sizoya kude kakhulu.Lalela Zaba, akungabi nguwe ovusa umhlwenga. Khuluma kahle sizwe. Ikubhuqa kanjani inkosi kulokhu? Uma ibhuqa wena ngalokhu manje, kusho ukuthi kade yaqala ukungibhuqa nami. |
| Zaba | : | Yima-ke baba. Ayikubhuqi wena, ngiyakunika isiqiniseko salokho. Mina ngizonitshela-ke ngale nto ngoba kade sekuseduze vele ukuthi nginibikele. |
| MaGubeshe | : | Yisho masinya Zaba. |
| Zaba | : | Inkosi ingibizela ukuyongibulala. |
| Msanka | : | (*Bethuke*.) Wenzeni? |
| Zaba | : | Ngithandana noThulisile. |
| Msanka | : | Ini? |
| Zaba | : | Yiqiniso baba. Bengihlele ukweqa naye khona namuhla ngiye koNondaba eMgungundlovana. |
| Msanka | : | *(Engakakholwa kahle*.) Wena Zaba uthandana noThuli…? |
| MaGubeshe | : | Kahle baba ukubiza indlovukazi ngegama. |
| Zaba | : | Ini mama? (*Akhiphe amehlo kakhulu*.) Indlovukazi yani? |
| MaGubeshe | : | Yanona ingulube wemadoda! Kanti uqonde ukusitshelani Zaba? |

2.8 Baxoxa bekuyiphi indawo oMsanka nomndeni wakhe? (2)

2.9 Qiniso lini azobatshela lona uMsanka? (2)

2.10 Kungani uZaba ecabanga ukuthi inkosi imbizela ukuzombulala? (2)

2.11 UZaba wayehlele ukwenzani ngalolo suku? Chaza. (2)

2.12 Ukunonelwa yingulube ukwenzenjani? (2)

2.13 Ukwenzenjani ukuvusa umhlwenga? (1)

2.14 Igama 'ukubhuqa' lisetshenziswe lasho ukuthini kulesi siqeshana? (2)

2.15 Kungani indlovukazi kungafanele ibizwe ngegama? (2)

2.16 Yaqanjelwani ingane kaThulisile ngokuthi uSonkanise? (2)

2.17 UZaba inkosi yayizomxoshisa ngaluhlobo luni lwezinkomo? (1)

2.18 Owakwabani isibongo yena lo Thulisile? (1)

2.19 Yini eyenza ukuthi uThulisile abe nenkinga ngesikhathi sokubeletha ngokuka Mzwezwe? (1)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [40]**

ISIGABA C
**UMDLALO**

**UMBUZO 3**

***Isigcawu Senkantolo* –M.M. Masondo**

Funda lezi ziqeshana ezimbili bese uphendula imibuzo elandelayo:

**Isiqeshana A**

Kwabonakala uZethu echiphiza izinyembezi. "Angazi ngingabonga ngithini ngalokho ongenzele khona namhlanje empilweni yami, Ngubane," esho ekhala.

Ebona lokhu uKubheka wamane wadonsa ibhuku lakhe lamasheke, " Ngubane, ukhombise ukuhluzeka komqondo kanye nolwazi olunzulu emsebenzini wakho namuhla. Ngiyabazi ubunzima ohlangabezane nabo kuleli cala. Lobu bunzima kade ubuthola kimi kanye nasemndenini wami. Besikuphikisa futhi singahambisani neze nezinqumo zakho, kanti siyikake lapho wena ungayikakanga khona. Ujike wabekezela kukho konke lokho.

"Amadoda afana nawe mina ngiwabonga kanjena," esho edlulisa isheke lezinkulungwane ezilishumi elinikeza uNgubane. "Lokhu akuyona inkokhelo yakho kepha ngikubonga ekwaphuleni umkami ezidladleni zebhubesi."

> "Ngiyabonga uma nanelisiwe umsebenzi wami. Akusiyona nto engiyithandayo ukubongwa ngezimali uma ngisebenze kahle,ngithanda ukubongwa ngomlomo bese ngikhokhelwa.

3.1 Ukhala nje uZethu ungowakwabani, futhi ukuyiphi indawo? (2)

3.2 Phawula ngalokho okwenziwe uNgubane ekwenzela uZethu ukuze angaboshwa. Nikeza amaphuzu AMAHLANU. (5)

3.3 Msebenzi muni owenziwa uNgubane? (2)

3.4 Chaza lawa mazwi: "**ekwaphuleni umkami ezidladleni zebhubesi**." (2)

3.5 Yini eyaxabanisa uZikode noKubheka? (3)

3.6 Iphetheke kanjani le ndaba? Nikeza amaphuzu AMANE. (4)

3.7 Bhala amagama abameli bakahulumeni. (2)
**[20]**

**Isiqeshana B**

> "Noma iqiniso elingako singenalo, kodwa le ndoda yathi uma singakukholwa lokho sibuze yena uyise kaDuduzile ukuthi kwenzeka kanjani ukuba aphumelele kanjena empilweni yakhe. Sazama ukukwenza lokho kodwa uKubheka wasimze waba nolaka kwathi kasidle singaphekiwe, nathi kwamane kwasikhanyela ukuthi kukhona akwaziyo mayelana nalolu daba," Kuphendula unkosikazi Kubheka.
>
> "Kungabe nkosikazi ikhona yini imali esenake nayikhokha kulaba bantu, futhi nake nahlangana siqu nalaba bantu?" Kubuza yena uNgubane.

3.8 Bhala amagama abantu abaxoxa kulesi siqeshana. (2)

3.9 Ubani uyise kaDuduzile? (1)

3.10 Kukhulunywa ngendoda eyathi makubuzwe uyise kaDuduzile ngodaba oluthile. Ngubani yona le ndoda? (1)

3.11 Kuqondwe ukuthini ngalawa mazwi: "**kwathi kasidle singaphekiwe**." (2)

3.12 Obani laba bantu okukhulunywa ngabo? Bhala amagama nezibongo zabo. (4)

3.13 Ingabe uDuduzile nonina sebake babonana ubuso nobuso nalezi zigilamkhuba? Sekela impendulo yakho. (2)

3.14 Kuliqiniso yini ukuthi unina kaDuduzile wayikhokha imali kulezi zigebengu? Uma ayikhokha wakhokha malini? (2)

3.15 Lisu lini elasetshenziswa unkosikazi kaKubheka ukuthola ukuthi lezi zigebengu zifuna imvalamlomo nakuDuduzile? (3)

3.16 Yini le eyenza unkosikazi Kubheka akhokhe imvalamlomo? (1)

3.17 Nikeza izizathu EZIMBILI ezenza ukuthi uDuduzile nonina bangathandi ukuba kuvele ukuthi uZikode wabulawa uKubheka. (2)

**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [40]**

ISIGABA D

**UBUCIKO BOMLOMO**

**UMBUZO 4**

***Inkosi Yinkosi Ngabantu* – C.T. Msimang**

Funda lezi ziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela. Imibuzo mayiphendulwe yonke kulesi sigaba.

**Isiqeshana A**

Wonke umuntu ulizwa kahle manje igwababa. Nomyalezo walo futhi ucacile. Pho kuzokwenziwa njani? Izinhliziyo zabaningi azikho kuleli gwababa, bona sebebuka lempango engahle ibaphuthele ngenxa yehubhulu nje!Sukani bo! Mbala-ke, baphikelela phambili! Kepha uMpeza yena wenyela kakhulu emoyeni ngokuyalelwa ngokufa. Nomzimba wakhe wawuzwa ushona phansi, wayesevele ephindela ekhaya. Nabanye bathi nxa bembona enza ibuya, nabo baphenduka, nokho iningi lona laqhubekela phambili. Kepha kubo bonke labo, akusindanga noyedwa. Bathelekelwa yimpi yamaZulu abebecabanga ukuthi izokwehlulwa. Yashaya ibhuqe, kwasinda owokuyobika ekhaya, uSihhili. Wafike wabika ekhaya wathi: "Nibona mina nje, wukuphela. Anisayubona mumbe." Abantu bashaqeka kakhulu benanela bathi: " Nempela izilwane lezi ziyakhuluma."

4.1 Yiziphi izizwe EZIMBILI ezazilwa kule mpi? (2)

4.2 Izilwane zazikhuluma endulo. Uthini wena? Sekela impendulo yakho ngokubhekisa kule nganekwane. (3)

4.3 Luhlobo luni lwenganekwane lolu? Nikeza izimpawu ukufakazela lokho. (5)

4.4 USihhili wafika nombiko othini ekhaya? (2)

4.5 Sifundo sini esitholakala kule nganekwane? (2)

4.6 Bhala izinhlobo EZINTATHU zezinganekwane bese unikeza nesibonelo sohlobo ngalunye. (6)

**[20]**

**Isiqeshana B**

Woban' labayana?
Womhlinzamfukwe.
Benzan' laphayana?
Bamb' umgubane.
Bawunikwe ubani?
Bawunikwe uDlokweni,
Dlokweni,Dlokweni!
Kwaqhwakel' amakat'emsamo
Phezu kwendl' engaka,
Afunan' emsamo?
Afun' isankumpuza.
Azosinikw' ubani?
Azosinikw' uDlokweni.
Dlokweni, Dlokweni!

4.7 Sithini isihloko salesi silandelo? (1)

4.8 Zisetshenziswa obani izilandelo? Yisho babe BABILI. (2)

4.9 Bazisebenziselani izilandelo? Shono kube KUBILI. (2)

4.10 Ubani igama lomuntu obuza imibuzo uma kushiwo izilandelo? (1)

4.11 Yini eyenza ukuthi isilandelo kuthiwe sicishe sifane nomlolozelo? Shono kube kuBILI. (2)

4.12 Khipha imvumelwano-siqalo etholakala kulesi silandelo. Bhala EZIMBILI. (4)

4.13 Bhala izinhlobo EZIMBILI zokuxhumana ezitholakala kulesi silandelo bese ukhombisa nangezibonelo. (4)

4.14 Ukwenzani ukuqhwakela? (2)

4.15 Zithini izithakazelo zalezi zibongo:

4.15.1 Zwane.

4.15.2 Sibiya. (2)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA D: [40]**

ISIGABA E
**IZINDABA EZIMFUSHANE**

**UMBUZO 5**

***Umlabalaba* – O.E.H. Nxumalo**

Funda lezi ziqeshana bese uphendula yonke imibuzo elandelayo ngazo:

**Isiqeshana A**

"E… Bongani, ndodana,usixolele ngokuthathela phezulu. Empeleni bekufanele sixoxe nje sibonisane kahle. Sesithi ake siqale sizwe nje ukuthi awudlali ngempela yini ngalokhu okushoyo. Sesibadala phela thina. Sesingaze simelwe zinhliziyo nje kanti empeleni akukho lutho. Ake usikhulule-ke ndodana," nguNgema ethi ukuhlekahleka.
"Uqinisile uyihlo mntanami. Usungasitshela nje ukuthi ngubani umakoti wethu, sijabule kube kanye. Cishe wasibulala phela ngovalo," nguMaZungu. Kuthi nya lapha endlini. UBongani ulokhu ebhekise ikhanda phansi. Kuthi ngesikade athi nje:
"Alikho iqiniso eledlula leli engilishilo."
"Uthi uphila kahle ekhanda Bongani?" nguNgema embukisisa ngokunye manje uBongani.
"Ngiphila saka baba, futhi angisale senginitshela nje ukuthi mina sengimkhethe ngamkhetha uNomagoli. Ngimkhethe ngoba ngimthanda. Anginandaba ukuthi nithini nina. Sezingalima ziye etsheni," esho ephuma edlwathizela aze ayongena endlini yakhe…
Selokhu aphuma lokho-ke endlini yabazali bakhe uBongani. Waphuma waze wayophuma nasenkonzweni imbala. Uvele athi nje akayiboni into azoyiyela esontweni kubantu abanobandlululo, abakhetha iphela emasini. Elakhe isonto sekwabayizo izihlahla nomfula wamanzi agelezayo.

5.1 Sithini isihloko sale ndaba? (2)

5.2 Uhlaliswe yini uBongani angayi esontweni njengezinsuku ezadlula? (2)

5.3 UBongani wayeyisilomo kugogo wakhe. Ake uchaze ukuthi kusho ukuthini lokho. (2)

5.4 UMaZungu wayethukile ecabanga ukuthi uBongani uzomtshela udaba oluthini? (2)

5.5 Ingoma eyayiculwa ithi: "**Buyel' ekhaya**." Iliphi leli khaya okubhekiswe kulo? (1)

5.6 UBongani wayekade efana nabazali bakhe ngabantu abafana noNomagoli. Waguqulwa yini kulo mqondo? (2)

5.7 Xoxa ngemigomo yendaba emfushane ngayo le ndaba engenhla ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo:

- Inkinga yomlingiswa oqavile. (2)
- Ukuqoqeka kwendawo. (2)
- Isiphetho. (4)

5.8 Owakwabani yena lo Nomagoli uBongani akhala ngaye kangaka? (1)
**[20]**

**Isigeshana B:**

> "Uyazi Ndumiso, imbi kabi le nto oyenzayo. Awubheke nje cishe waze wezwa ngemva kwendaba ngenxa yalokhu kunyamalala kwakho."
> Lungithi heqe uvalo. Ngime. Kungabe…?
> "Hawu, cishe ngezwa emuva kwendaba ukuthini?"
> Ngibuza ngokungingiza. Ngizwa nginexhalana. Amomotheke uThembisile abe muhle ngokunye.
> "Phela ziyaduma ngenyanga ezayo. Ngiyashada."
> Libe ngumkhonto lelo enhliziyweni. Inhliziyo ivele igxize igazi.
> Kuxege amadolo.
> Ngithi ngiyazama ukukhuluma lenqabe izwi. Kube mnyama amehlo.
> Yinto engizoyithini lena? Kuqine inkungu ekhanda.
> Ngixegezele, ngiyohlala onqenqemeni lomgwaqo. Ngimbuke uThembisile. Unkemile. Ngihlome ikhanda phansi. Ziwohloke izinyembezi. Zigobhoze. Zigobhoze ...

5.9 UNdumiso uthi uThembisile unkemile. Unkemiswe yini? (2)

5.10 Into uma ingumkhonto enhliziyweni isuke injani? Phendula ubhekise esiqeshini. (2)

5.11 UNomkhosi uthi uyazazi izinyembezi ezikhalwa uNdumiso. Uthi uzazi kanjani futhi ezani? (2)

5.12 Ingabe isihloko sale ndaba esithi "**Izinyembezi**" siyahambelana yini nendaba yonke? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (5)

5.13 Sifundo sini esitholakala kule ndaba? Nikeza amaphuzu AMABILI. (4)

5.14 Chaza ukuthi usho ukuthini uNtombi uma ethi uNdumiso useyoze ashaye emva kweshumi leminyaka. (2)

5.15 Ubani lo uThembisile ayehlala naye lapho ayefundisa khona? (1)

5.16 Yini eyenza uNdumiso abe novalo ukutshela uThembisile ukuthi uyamthanda? (2)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA E: [40]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 80**

**ISIPHETHO**